



**UMKHANDLU WOCWANINGO LWEZOKWELAPHA  
WASENINGIZIMU AFRIKA**

**IMANUWALI YOMTHETHO OKHUTHAZA UKUTHOLAKALA  
KOLWAZI**

**IMANUWALI IBHALWE NGOKUVUMELANA NENGXENYE 14  
YOMTHETHO OKHUTHAZA UKUTHOLAKALA KOLWAZI, (sig  
2 KA 2000)**

**2020/21**

## UHLU LOKUPHAKATHI

### Contents

Izifinyezo.....	4
Izincazelo.....	6
1. Isethulo.....	7
2. Imininingwane yezindawo ekuzo kanye neyokuxhumana yoMkhandlu Wocwaningo Lwezempilo WaseNingizimu Afrika.....	8
2.1. Imininingwane evamile ye-SAMRC .....	8
3. Igunya lokusebenza, imisebenzi kanye nokwakheka koMkhandlu Wocwaningo Lwezempilo WaseNingizimu Afrika.....	8
3.1. Igunya lokusebenza le-SAMRC .....	8
3.2. Umbono.....	9
3.3. Umsebenzi.....	9
3.4. Okubalulekile e-SAMRC.....	9
3.5. Ukwakheka kobuholi be-SAMRC.....	10
3.6. Izinhlelo zamasu ze-SAMRC .....	10
4. Imininingwane yokuxhumana nezikhulu ezihlinzeka ngemininingwane kanye neminingwane evamile .....	13
4.1. Isikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane .....	13
4.2. Isekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane .....	13
5. Iziqondiso Zekhomishana Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika (SAHRC) wendlela yokusebenzisa i-PAIA.....	13
6. Ukuthola amarekhodi agcinwe yi-SAMRC.....	13
6.1. Ilungelo lokuthola amarekhodi enhlangano yomphakathi njengoba kuveziwe engxenyeni 11(1)(a) kanye no (b) ye-PAIA.....	13
6.2. Amarekhodi atholakalayo ukuze ahlolwe ngokuvumelana nomthetho ngaphandle kwe-PAIA, njengoba kuveziwe engxenyeni 15(1)(a)(i) ye-PAIA .....	14
6.3. Amarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo ukuze athengwe noma akopishwe ku-SAMRC njengoba kuveziwe engxenyeni 15(1)(a)(ii) ye-PAIA.....	15
6.4. Amarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo njengoba kuveziwe engxenyeni 15(1)(a)(iii) ye-PAIA.....	15
6.5. Amarekhodi angatholakali ngokuzenzakalelayo.....	16
7. Izinqubo zokucela.....	17
7.1. Uhlobo lwesicelo.....	17
7.2. Isibopho sokusiza .....	17

7.3. Ukudluliswa kwezicelo .....	18
7.4. Ukulondolozwa kwamarekhodi kuze kwenziwe isinqumo sokugcina ngamarekhodi.....	18
7.5. Izindleko ezikhokhwayo .....	18
7.5.4. Izindleko zesicelo .....	18
7.5.5. Imali yokufinyelela.....	19
7.5.6. Iposi Nediphosithi .....	19
7.6. Amarekhodi angatholakali noma angekho .....	19
7.7. Ukuhlehliswa kokufinyelela .....	19
7.8. Isinqumo sesicelo owazisiwe ngaso, ukunwetshwa kwenkathi yokubhekana nesicelo kanye nokubhekwa njengokwenqatshwa kwesicelo.....	19
7.9. Ukusebenza Kwemigomo Yomthetho .....	20
7.10. Ukufinyelela, uhlobo kanye nolimi lokufinyelela .....	20
7.11. Ukuthola ezempilo kanye namanye amarekhodi.....	20
7.12. Izizathu zokwenqaba noma zokuthola amarekhodi .....	21
7.13. Ukuqapha nokumelelwa yinkampani eseceleni.....	22
7.14. Isinqumo sencazelo ngokwenqaba kanye nesaziso.....	22
8. Izinyathelo zokulungisa .....	23
9. Ukubuyezwa nokunyatheliswa kwale manuwali.....	23
10. Ukutholakala kwemanuwali.....	23
10.3. ISITHASISELO A .....	24
ISITHASISELO B .....	30

## Izifinyezo

<b>AIDS</b>	Acquired immunodeficiency syndrome (Ingculazi)
<b>CAPRISA</b>	Centre for the Aids Programme of Research in South Africa (Isikhungo Sohlelo Lwengculazi Sokucwaninga ENingizimu Afrika)
<b>CD</b>	Compact Disk
<b>CEO</b>	Chief Executive Officer (Umphathi Omkhulu)
<b>CPUT</b>	Cape Peninsula University of Technology
<b>EFT</b>	Electronic Funds Transfer (Ukuthumela Izimali Ngezobuchwepheshe)
<b>HIV</b>	Human Immunodeficiency Virus (Isandulela Ngculazi)
<b>SAMRC</b>	Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika
<b>NHLS</b>	National Health Laboratory Service (Ilabhorethi Kazwelonke Yezinkonzo Zezempilo)
<b>NICD</b>	National Institute for Communicable Diseases (Isikhungo Sikazwelonke Sezifo Ezithathelwanayo)
<b>NWU</b>	North West University
<b>PAIA</b>	Promotion of Access to Information Act (Umthetho Okhuthaza Ukutholakala Kolwazi)
<b>PhD</b>	Doctor of Philosophy (Udokotela Wefilosofi)
<b>SANBI</b>	South African National Biodiversity Institute (Isikhungo Sikazwelonke SaseNingizimu Afrika Sezinto eziphilayo)
<b>SAHRC</b>	South African Human Rights Commission (Ikhomishini Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika)
<b>SAMRC</b>	Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika

<b>SU</b>	Stellenbosch University
<b>TB</b>	Tuberculosis (Isifo Sofuba)
<b>TUT</b>	Tshwane University of Technology
<b>UCT</b>	University of Cape Town
<b>UFH</b>	University of Fort Hare
<b>UKZN</b>	University of KwaZulu-Natal
<b>UP</b>	University of Pretoria
<b>UWC</b>	University of the Western Cape

**Izincazelo**

Kule manuwali noma yiliphi igama noma inkulumo eyabelwe incazelo Emthethweni Okhuthaza Ukutholakala Kolwazi, No. 2 ka 2000 kanye noMthetho Wokulawula Kwefa 66 ka-1965 iyosebenzisa leyo ncazelo, ngaphandle uma okuqukethwe kuchaza okunye okuhlukile.

## 1. Isethulo

- 1.1. Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika (SAMRC) iwuhlelo 3A oluyinhlangotho yomphakathi ngokuvumelana Nomthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, ka-1999 (PFMA)
- 1.2. Igunya lokusebenza le-SAMRC lisemthethweni ngokuvumelana ne-SAMRC Act, No 58 ka 1991 (echitshiyelwe)
- 1.3. I-SAMRC ihlinzeka ngobuholi ocwaningweni lwezempilo eNingizimu Afrika, futhi ngenxa yalokho iye yaqongelela amarekhodi amaningi ngesikhathi yenza umsebenzi wayo.
- 1.4. Kuyavunywa ukuthi amarekhodi agcinwe yi-SAMRC angase azuzise ababambiqhaza abahlukahlukane, kuhlanganise nomphakathi wonkana, iminyango kahulumeni, izinhlangano zomphakathi noma ezizimele, abaxhasi, abacwaningi, abahlanganyeli, njll. Ngakho, le manuwali ihloselwe ukunakekela izicelo ezenziwa ngokuvumelana nomthetho Okhuthaza Ukutholakala Kolwazi (PAIA), No 2 ka 2000) [kusukela manje kuqhubeke obizwa ngokuthi yi "PAIA"].
- 1.5. Le manuwali iqukethe okulandelayo:
  - 1.5.1. Igunya lokusebenza le-SAMRC, imisebenzi nokwakheka.
  - 1.5.2. Imininingwane yokuxhumana yezikhulu ze-SAMRC ezihlinzeka ngemininingwane kanye nosekele bezikhulu ezihlinzeka ngemininingwane.
  - 1.5.3. Inkomba yomhlahlandela yeKhomishana Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika (SAHRC) wendlela yokusebenzisa i-PAIA.
  - 1.5.4. Amarekhodi agcinwe yi-SAMRC, kuhlanganise nalawo adinga noma angadingi ukuba umuntu awacele ngokuvumelana ne-PAIA.
  - 1.5.5. Izinqubo zokuthola amarekhodi agcinwe yi-SAMRC, kanye nezindleko ezikhokhwayo (lapho kusebenza khona).
  - 1.5.6. Yimaphi, kunini futhi kungani ukuthola amarekhodi agcinwe yi-SAMRC kungase kwenqatshwe ngokuvumelana ne-PAIA.
- 1.6. Amarekhodi e-SAMRC awagcinwa endaweni eyodwa futhi ukuthola amarekhodi athile (uma kuvunywa) kungase kudinge isikhathi esengeziwe (esenezelwe).

## 2. Imininingwane yezindawo ekuzo kanye neyokuxhumana yoMkhandlu Wocwaningo Lwezempilo WaseNingizimu Afrika

Isifunda	Ikheli	Inombolo yocingo
Western Cape (Ihhovisi eliyinhloko)	Francie van Zijl Drive, Parowvallei, Cape Town; □ PO Box 19070, Tygerberg 7505, South Africa	+27 21 938 0911
Western Cape (Igatsha)	Off Hindle Road, Brentwood Park, Driftsands, Cape Town, 7580	+27 21 955 1900
Gauteng (Amagatsha)	1 Soutpansberg Road, Pretoria, Private Bag x385, 0001 Pretoria, South Africa	+27 12 339-8500
	University of Johannesburg, Cnr Sherwell and Beit Street, Synagogue Building, Doornfontein Campus, Johannesburg	072 762 3548 noma 082 059 5756
KwaZulu-Natal (Amagatsha)	491 Peter Mokaba Ridge Road, Overport, Durban; PO Box 70380, 4091 Overport, South Africa	+27 31 203-4700
	Village Market, 123 Jan Hofmeyer Road, Westville 3630, Durban	+27 31 242-3600

### 2.1. Imininingwane evamile ye-SAMRC

- 2.1.1. I-imeyili evamile: [info@mrc.ac.za](mailto:info@mrc.ac.za)
- 2.1.2. Iwebusayithi: [www.samrc.ac.za](http://www.samrc.ac.za)
- 2.1.3. Facebook: [@samrc.za](https://www.facebook.com/samrc.za)
- 2.1.4. Twitter: [@MRCza](https://twitter.com/MRCza)
- 2.1.5. LinkedIn: <https://www.linkedin.com/company/south-african-medical-research-council/>

## 3. Igunya lokusebenza, imisebenzi kanye nokwakheka koMkhandlu Wocwaningo Lwezempilo WaseNingizimu Afrika

### 3.1. Igunya lokusebenza le-SAMRC

- 3.1.1. I-SAMRC yasungulwa ngo-1969 ukuba yenze futhi ixhase ucwaningo lwezempilo, ithole okusha kwezempilo, ukuthuthukiswa nokuhunyushwa kocwaningo. I-SAMRC igxila ezimbangeleni eziyishumi ezihamba phambili zokufa, ukuphathwa yizifo eziningi, ukukhubazeka kanye nezingozi ezihlobana nalokho. Ubukhulu bocwaningo buhlanganisa uphenyo lwaselebhu, ucwaningo lwezokwelapha nolungaphambi kwalo kanye nocwaningo lwezempilo zomphakathi.
- 3.1.2. Izinjongo ze-SAMRC, kusetshenziswa ucwaningo, ukwakha kanye nokudluliselwa ngobuchwepheshe, ukuthuthukisa ukuphuculwa kwezempilo nezinga lokuphila labantu abahlala eZweni, kanye nokwenza imisebenzi enjalo okungenzeka yabelwe ku-SAMRC ngaphansi kwe-SAMRC Act, No 58 ka 1991.



3.1.3. I-SAMRC ingumxhasi omkhulu wakuleli wocwaningo lwezempilo, ukuhlonza kwezempilo, amadivayisi ezempilo kanye nezindlela zokwelapha. Ukuze kuqeqeshwe abantu kwezempilo futhi kuqinisekiswa ukuzinza kocwaningo lwezempilo, i-SAMRC iye yachaza izinhlelo zokusekela ezocwaningo, ukuhlinzeka ngemfundo ezazini ezenza i-Masters, PhD, kanye nezifundo ezingale kobudokotela emkhakheni wesayensi yezemithi nezempilo.

3.1.4. Isisekelo soMthethosisekelo WaseNingizimu Afrika esisekela igunya lokusebenza le-SAMRC Isahluko 2-Umqulu Wamalungelo, iSahluko 10 - Ukuphathwa Komphakathi neSahluko 13-Izimali. Izingxenywe ezilandelayo zoMqulu Wamalungelo, ngaphandle kokulinganiselwa, zisebenza ngokuyinhloko ku-SAMRC.

### **3.2. Umbono**

3.2.1. Ukwakha isizwe esinempilo enhle ngocwaningo, ukuthola okusha kanye noshintsho

### **3.3. Umsebenzi**

3.3.1. Ukuthuthukisa impilo yesizwe kanye nezinga lokuphila futhi kulungiswe nokungalingani ngokwenza nangokuxhasa ucwaningo olufanele nolusebenzayo, ukuqeqeshwa kwabantu, ukwenza okusha kanye nokuhunyushwa kocwaningo.

### **3.4. Okubalulekile e-SAMRC**

3.4.1. I-SAMRC iqondiswa yilokhu okulandelayo okubalulekile kuyo okwakha isisekelo senhlangano yethu:

3.4.1.1. **Ukusebenzisa izindlela ezintsha:** Sidlulela ngale kokwaziwayo nokungaziwa ukuze sandise ulwazi lwethu lwezokwelapha ngokuvumelana nendlela efanele (yokuziphatha okufanele) yokwenza ucwaningo.

3.4.1.2. **Ukubambisana:** Siyakujabulela ukusebenzisana nabanye ukuze sifinyelele umgomo ofanayo. Sibambisana nababambiqhaza abaningi endaweni, kulo lonke leli, esifundeni naphesheya ukuze sabelane ngamasu, sithuthukise imigomo efanayo, sisebenzise kahle izinsiza ukuze sinciphise ukuphindaphinda futhi sithole uxhaso.

3.4.1.3. **Ukuba sezingeni eliphezulu:** Silwela ukuhamba phambili kukho konke esikwenzayo ngokuthi sikhiqize izisebenzi ezinekhono, sibe namandla okwakha nokuguqula futhi senze ucwaningo olubalulekile.


3.4.1.4. **Inhlonipho:** Siyayazisa futhi siyayihlonipha imiphakathi yethu, ababambiqhaza, abacwaningi kanye nabaxhasi.

3.4.1.5. **Ubuqotho:** Sizibophezele ekungafihlini lutho, ukuthwala imithwalo yethu, ukukhuluma ngokukhululekile nokuziphatha ngendlela efanele.

3.4.1.6. **Ubuzwe:** Sibonisa umphakathi, izwe nomhlaba wonkana ukuthi sisebenza kahle.

### 3.5. Ukwakheka kobuholi be-SAMRC

#### 3.5.1. Umdwebo ongezansi owokwakheka kobuholi obuphezulu be-SAMRC.



3.5.2. IBhodi, elikhethwe uNgqongqoshe Kazwelonke Wezempilo liyigunya lezezimali futhi linomthwalo wokunakekela ukusebenza kwe-SAMRC.

3.5.3. IBhodi likhetha Umongameli ne-CEO ye-SAMRC, ohola Ikomiti Labaphathi, elinomthwalo wokunakekela ukusebenza kwansuku zonke kwenhlangano.

3.5.4. I-SAMRC inezisebenzi, ezihlanganisa abacwaningi, abezobuchwepheshe kanye nabasiza kwezokuphatha.

### 3.6. Izinhlelo zamasu ze-SAMRC

Ukwenezela ezigabeni zokuphatha nezobuchwepheshe, i-SAMRC ihlelwe yaba yilezi zinhlelo zocwaningo ezilandelayo:

3.6.1. Uhlelo 1: Ukuthuthukiswa Kwempilo kanye Nokunqandwa Kwezifo

3.6.1.1. Lokhu kuhloselwe ukwenza ucwaningo kusetshenziswa inkambo yokuphila ukuze kuphilwe ngendlela enempilo, ukuhlonzwa kusenesikhathi, kanye nezindlela ezingabizi kakhulu zokuvimbela nokulawula izifo ngokuthuthukiswa kwezempilo.

3.6.1.2. Amayunithi akha loluhlu ahlanganisa lokhu okulandelayo:

- (a) Iyunithi Ecwaninga Utshwala, Ugwayi kanye Nezinye Izidakamizwa
- (b) Iyunithi Ye-SAMRC/UCT Ecwaninga Ubungozi Nokuqina Ezifweni Zengqondo
- (c) Iyunithi Ecwaninga Izifo Ezingathathelwana
- (d) Iyunithi Ecwaninga Ezemvelo Nezempilo
- (e) Iyunithi Ye-SAMRC/Wits Ecwaninga Impilo Yomphakathi Emaphandleni Kanye Nezinguquko Kwezempilo
- (f) Iyunithi Ecwaninga Ngodlame, Ukulimala, kanye Nokuthula yase-SAMRC/Unisa (ukuze kushintshwe Ubudoda Nempilo)
- (g) Iyunithi Ye-SAMRC/NWU Ecwaninga Umfutho Ophakeme Wegazi Kanye Nesifo Senhliziyo
- (h) Iyunithi Ye-SAMRC/UFH Ecwaninga Ukuqashwa Kwezinga Lamanzi Mayelana Namagciwane
- (i) Iyunithi Yesikhungo Se-SAMRC Ecwaninga Ezomnotho Zempilo Kanye Nokuhleleka Kokubalulekile

3.6.2. Uhlelo 2: Impilo Yomama, Izingane Nabesifazane

- 3.6.2.1. Ihloselwe ukuthuthukisa isimo sempilo kanye nezinga lokuphila labesifazane nezingane kusetshenziswa ucwaningo lwezesayensi olusezingeni eliphezulu olunquma inqubomgomo kanye nendlela yokwenza, kuthuthukiswe izinkonzo zempilo futhi kuphuculwe impilo
- 3.6.2.2. Amayunithi akha loluhlu ahlanganisa okulandelayo:
- (a) Iyunithi Ecwaninga Ubulili Nezempilo
  - (b) Iyunithi Ye-SAMRC/UP Ecwaninga Amasu Ezempilo Okunakekela Omama Kanye Nezinsana
  - (c) Iyunithi Ye-SAMRC/Wits Ecwaninga Izindlela Zentuthuko
  - (d) Iyunithi Ye-SAMRC/UCT Ecwaninga Izinkinga Zamaphaphu Ezinganeni Nakulabo Abeve Iminyakeni Eyishumi Nambili
- 3.6.3. Uhlelo 3: I-HIV, AIDS, TB Kanye Nezinye Izifo Ezithathelwanayo
- 3.6.3.1. Inhloso yayo ukwenza ucwaningo lokuvimbela i-HIV kanye nezifo ehambisana nayo kuhlanganise i-TB kanye nezinye izifo ezithathelwanayo, njenge-malaria. Ilwela ukufaka isandla ohlelweni lwesayensi lwakuleli nelasemazweni aphesheya ngokuhlola imithi ye-TB kanye nezibulala zinambuzane ezithwala i-malaria, iqhube uhlelo lokuthola uMshanguzo We-AIDS ngokubambisana ukuze kube nentuthuko kanye nokuvivinya imishanguzo ye-AIDS eNingizimu Afrika, ngokubambisana nabaxhasi bethu kanye nozakwethu esifundeni.
- 3.6.3.2. Amayunithi akha loluhlu ahlanganisa okulandelayo:
- (a) Iyunithi Ecwaninga Ukuvinjwa Kwe-HIV
  - (b) Iyunithi Yokucwaninga Eyisikhungo Se-TB
  - (c) Ucwaningo Oluyihhovisi Le-Malaria
  - (d) Iyunithi Ye-SAMRC/CAPRISA/UKZN Ecwaninga Ukwakheka Kwezifo I-HIV-TB Kanye Nokwelashwa Kwazo
  - (e) Iyunithi Ye-SAMRC/NHLS/UCT Ecwaninga I-Molecular Mycobacteriology
  - (f) Iyunithi Ye-SAMRC/NHLS/Wits Ecwaninga Izifo Zokuphefumula Neze-Meningitis
  - (g) Iyunithi Ecwaninga I-AIDS Ne-TB (UMBIKO WE-TB | Inkundla Ye-TB |Isibopho Somthelela Emphakathini)
  - (h) Iyunithi Yesikhungo Se-SAMRC/UCT Sokucwaninga I-Antimicrobial Resistance
- 3.6.4. Uhlelo 4: Ukuqiniswa Kwezinhlelo Zempilo
- 3.6.4.1. Inhloso yalokhu ukufaka isandla ekuqiniseni izinhlelo zempilo ngokuqonda ukubuyekezwa kwemininingwane, izinqubomgomo zezempilo kanye nocwaningo lwezinhlelo zempilo ukuze kunikezwe ubufakazi kubenzi bemithetho, kubabambiqhaza nabacwaningi ukuze kulungiswe izinselele ezinkulu kwezempilo namuhla. Lolu hlelo luhlose ukusebenzisa imininingwane kanye nobuchwepheshe ngokuhlola nokwandisa indima yobuchwepheshe bezempilo (imininingwane yezempilo, ubuchwepheshe kwezempilo, i-tile health, ezokwelapha ngocingo, ukufunda ngezobuchwepheshe kanye nezokwelapha kusetshenziswa imishini ephathwayo) ekuqiniseni izinhlelo zokwelapha.

- 3.6.4.2. Amayunithi akha loluhlu ahlanganisa okulandelayo:
- (a) Iyunithi Ecwaninga Umthelela Wesifo
  - (b) Iyunithi Ecwaninga I-Biostatistics
  - (c) Isikhungo SaseNingizimu Afrika Se-Cochrane
  - (d) Iyunithi Ecwaninga Izinhlelo Zezempilo
  - (e) Iyunithi Ye-SAMRC/UWC Ecwaninga Izinkonzo Zempilo Kuya Ezinhlelweni
- 3.6.5. Uhlelo 5: Ukuthola Okusha Kwezempilo Yomphakathi
- 3.6.5.1. Lolu hlelo lohloselwe ukuthuthukisa ukuphucuka kwezempilo kanye nezinga lokuphila (ukuvinjelwa kwempilo engeyinhle, ukuthuthukiswa kwempilo yomphakathi nokwelashwa) eZweni laseNingizimu Afrika ngokuthola okusha, ngokuthuthukisa ezobuchwepheshe nokudluliselwa kwako
- 3.6.5.2. Amayunithi akha loluhlu ahlanganisa okulandelayo:
- (a) Iyunithi Ye-SAMRC/UCT Ecwaninga Ukutholakala Kwemithi Nokwakhiwa Kwayo
  - (b) I-Primate Unit and Delft Animal Centre
  - (c) Inkundla Yocwaningo Lomthelela Wemithi Kwezemvelo Kanye Nokuthola Okusha
  - (d) Iyunithi Ye-SAMRC/TUT Ecwaninga Imithi Yamakhambi
- 3.6.6. Uhlelo 6: Ucwanningo Lomthelela Wemithi Kwezemvelo
- 3.6.6.1. Injongo yalolu hlelo ukwenza ucwanningo oluyisisekelo, ucwanningo olunezinjongo eziqondile kanye nocwanningo lokuthola izindlela ezintsha zokwelapha ukuze kutholakale izimbangela zesifo. Lokhu kuqonda kubalulekile ukuze kuhlelwe ngokuphumelelayo izindlela zokulwa nokulawula izifo.
- 3.6.6.2. Amayunithi akha loluhlu ahlanganisa okulandelayo:
- (a) Iyunithi Ye-SAMRC/SANBI/UWC Ecwaninga I-Bioinformatics Capacity Development
  - (b) Iyunithi Ye-SAMRC/UCT Ecwaninga Ukuzivikela Komzimba Ekutholeni Izifo Ezithelelanayo
  - (c) Iyunithi Ye-SAMRC/UP Ecwaninga I-Stem Cell Kanye Nendlela Yokwelapha
  - (d) Iyunithi Ye-SAMRC/ WITS Ecwaninga I-Antiviral Gene Therapy
  - (e) Iyunithi Ye-SAMRC/NICD Ecwaninga Ngokuzivikela Kwamasosha Omzimba
  - (f) Iyunithi Ye-SAMRC/CPUT Ecwaninga I-Cardiometabolic
  - (g) Iyunithi Ye-SAMRC/SU Ecwaninga Izakhi Zofuzo Zezinkinga Zengqondo
  - (h) I-SAMRC/UP Ukuvimbela Ngokunembile Kanye Nomuthi Omusha Wemidlavuza Ehlobene Ne-HIV
  - (i) Iyunithi Ye-SAMRC/UCT Ecwaninga Isilonda Kanye Nokudabuka Kwe-Keloid

**4. Imininingwane yokuxhumana nezikhulu ezihlinzeka ngemininingwane kanye neminingwane evamile**

**4.1. Isikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane**

UMongameli Kanye Nomphathi Omkhulu	Ikheli Leposi Umkhandlu Wocwangingo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika P.O Box 19070 Tygerberg, 7505 Republic of South Africa	Ucingo +27 21 938 0911	I-Fax +27 21 938 0200
--	--	---------------------------	--------------------------

**4.2. Isekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane**

4.3. Ngokuvumelana nengxenywe 17(1) ye-PAIA, i-SAMRC iye yakhetha izisebenzi ezivezwe engxenyeni A yefomu A (Isithasiselo A kule manuwali) ukuba zibe abasekeli bezikhulu ezihlinzeka ngemininingwane.

4.4. Isikhulu esihlinzeka ngemininingwane, ngokuvumelana nengxenywe 17(3) ye-PAIA, sidlulisele amandla aso ahlukehlukeni nemisebenzi yaso Kubasekeli Bezikhulu Ezihlinzeka Ngemininingwane.

4.5. Zonke izicelo zemininingwane ngaphansi kwe-PAIAA kumelwe zithunyelwe futhi ziyosingathwa Abasekeli Bezikhulu Ezihlinzeka Ngemininingwane, ngendlela evumelana nezinqubo ezichazwe ku-PAIA nakule manuwali.

**5. Iziqondiso Zekhomishana Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika (SAHRC) wendlela yokusebenzisa i-PAIA**

5.1. I-SAHRC ibhale iziqondiso njengoba kuveziwe engxenyeni 10 ye-PAIA

5.2. Iziqondiso ziqukethe imininingwane esiza noma ubani ufuna ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo njengoba kuvezwe yi-PAIA

5.3. Imininingwane yokuxhumana ye-SAHRC ithi  
Ikheli Leposi: Private Bag 2700, Houghton, 2041  
Ucingo: +27 11 484 8300  
I-Fax: +27 11 484 0582  
I-imeyili: PAIA@sahrc.org.za  
Iwebusayithi: www.sahrc.org.za

5.4. Noma imiphi imibuzo ngokuphathelene neziqondiso kanye nokuqondiswa kwe-PAIA kumelwe kuthunyelwe e-SAHRC ekhelini elivezwe ngenhla.

**6. Ukuthola amarekhodi agcinwe yi-SAMRC**

**6.1. Ilungelo lokuthola amarekhodi enhlangano yomphakathi njengoba kuveziwe engxenyeni 11(1)(a) kanye no (b) ye-PAIA**

6.1.1. Imvume yokuthola irekhodi lenhlangano yomphakathi izonikezwa uma ocelayo ehlangabezana nalokhu okulandelayo:

6.1.1.1. Zonke izimfuneko zenqubo eziku-PAIA ngokuphathelene nesicelo sokuthola lelo rekhodi; futhi

6.1.1.2. Ukuthola lelo rekhodi akwenqatshwa ngenxa yanoma yisiphi isizathu sokwenqaba eNgxenyeni 2 (Isahluko 4) ye-PAIA.

## **6.2. Amarekhodi atholakalayo ukuze ahlolwe ngokuvumelana nomthetho ngaphandle kwe-PAIA, njengoba kuveziwe engxenyeni 15(1)(a)(i) ye-PAIA**

- 6.2.1. Amarekhodi alandelayo atholakala ngokuzenzakalelayo kunoma yimuphi umuntu othandayo mahhala nangaphandle kokufaka isicelo.
- 6.2.1.1. Umthetho Wezifo Zezilwane, No 35 ka-1984
- 6.2.1.2. Umthetho Wempilo Yezilwane, No 7 ka-2002
- 6.2.1.3. Umthetho Wokuvikelwa Kwezilwane, No 71 ka-1962
- 6.2.1.4. Umthetho Wezimo Eziyisisekelo Zokuqashwa, No 57 ka-1997
- 6.2.1.5. Umthetho Wokufukulwa Kwabamnyama Kwezomnotho, No 53 ka-2003
- 6.2.1.6. Umthetho Wesinxephezelo Sokulimala Emsebenzini Nezifo, No 130 ka-1993
- 6.2.1.7. Umthetho Womthetho Sisekelo WeRiphabhuliki YaseNingizimu Afrika, No 108 ka-1996
- 6.2.1.8. Umthetho Wezokuxhumana Nokuthengiselana, No 25 ka-2002
- 6.2.1.9. Umthetho Wokulingana Emsebenzini, No 55 ka-1998
- 6.2.1.10. Umthetho Wezinto Eziyingozi, No 15 ka-1973
- 6.2.1.11. Umthetho Wezisebenzi Zezempilo, No 56 ka-1974
- 6.2.1.12. Umthetho Wezicubu, No 65 ka-1983
- 6.2.1.13. Umthetho Wentela Yemali Engenayo, No 58 ka-1962
- 6.2.1.14. Umthetho Wobudlelwane Kwezabasebenzi, No 66 ka-1995
- 6.2.1.15. Umthetho Wokulawulwa Kwemithi Nezinto Ezihlobene Nayo, No 101 ka-1965
- 6.2.1.16. Umthetho Wezempilo Kazwelonke, UMthetho No 61 ka-2003
- 6.2.1.17. Umthetho Wezempilo Nokuphepha Emsebenzini, No 85 ka-1993
- 6.2.1.18. Umthetho Wekhemisi, UMthetho No 53 ka-1974
- 6.2.1.19. Umthetho Wenqubomgomo Yokuthengwa Kwempahla, No 5 ka-2000
- 6.2.1.20. Umthetho Wokukhuthaza Ukutholakala Kolwazi, No 2 ka-2000
- 6.2.1.21. Umthetho Wokudalula Okuvikelwe, No 26 ka-2000
- 6.2.1.22. Umthetho Wokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu, No 4 ka-2013
- 6.2.1.23. Umthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, No 1 ka-1999
- 6.2.1.24. Umthetho Womkhandlu Wokucwaninga Ngezokwelapha WaseNingizimu Afrika, No 58 ka-1991
- 6.2.1.25. Umthetho Wokuthuthukiswa Kwamakhono, No 97 ka-1998
- 6.2.1.26. Umthetho Wentela Yokuthuthukiswa Kwamakhono, No 9 ka-1999
- 6.2.1.27. Umthetho Womshuwalense Wokungasebenzi, No 30 ka-1966
- 6.2.1.28. Umthetho we-Value Added Tax, No 89 ka-1991
- 6.2.1.29. Umthetho Wobuchwepheshe be-Veterinary and Para-Veterinary, No 19 ka-1982 (uchitshiyelwe ngo-1993)
- 6.2.2. Amanye amarekhodi avezwe ngenhla angase abekhona kuwebusayithi ye-SAMRC kanti amanye angase angabi bikho. Uma kwenzeka noma yiliphi irekhodi kulawa angenhla lingabi khona kuwebusayithi ye-SAMRC, ungase uwathole ngokuthumela i-imeyili komunye Wabasekeli Bezikhulu Ezihlinzeka Ngemininingwane ngokugcwalisa iFomu A (Isithasiselo A sale manuwali).

**6.3. Amarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo ukuze athengwe noma akopishwe ku-SAMRC njengoba kuveziwe engxenyeni 15(1)(a)(ii) ye-PAIA**

6.3.1. Njengamanje, i-SAMRC ayinawo amarekhodi awela ngaphansi kwalesi sigaba.

**6.4. Amarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo njengoba kuveziwe engxenyeni 15(1)(a)(iii) ye-PAIA**

6.4.1. Amarekhodi alandelayo avezwe ngokuzithandela futhi atholakala ngokuzenzakalelayo kunoma yimuphi umuntu othandayo/inkampani/inhlangano ngaphandle kwesicelo futhi angatholwa kuwebusayithi ye-SAMRC ([www.samrc.ac.za](http://www.samrc.ac.za)):

6.4.1.1. Izititimende Zaminyaka Yonke Ezihloliwe (zakha ingxenye Yemibiko Yaminyaka Yonke)

6.4.1.2. Izinhlelo Zaminyaka Yonke Zokusebenza

6.4.1.3. Imibiko Yaminyaka Yonke

6.4.1.4. Imibiko Yokuhlolwa (iyingxenye Yemibiko Yaminyaka Yonke)

6.4.1.5. Ukukhokhelwa Kwamalungu Ebhodi Kanye Nabaqondisi Abaphethe (kwakha ingxenye Yemibiko Yaminyaka Yonke)

6.4.1.6. Imininingwane yokuxhumana nosekela bezikhulu ezihlinzeka ngemininingwane

6.4.1.7. Amafomu

6.4.1.8. Imihlahlandlela

6.4.1.9. Amathuba emisebenzi (izikhangiso)

6.4.1.10. Imanuwali Ye-PAIA

6.4.1.11. Izinqubomgomo

6.4.1.12. Izinqubomgomo ezifinqiwe

6.4.1.13. Umbiko wabezindaba

6.4.1.14. Izincwadi

6.4.1.15. Imibiko

6.4.1.16. Ukucwaninga endaweni yomphakathi

6.4.1.17. Izincwadi zocwaningo

6.4.1.18. Ukubuyekezwa

6.4.1.19. Amasu Okusebenza

6.4.1.20. Amadokhumenti ethenda

6.4.1.21. Imigomo yezinkomba yeKomiti Lokuziphatha Ocwaningweni Lwabantu kanye Nekomiti Lokuziphatha Ocwaningweni Lwezilwane

6.4.1.22. Umtapo Wamavidiyo

6.4.2. Ukulondolozwa kwamarekhodi achazwe ngaphansi kwengxenye 6.2 yale manuwali, noma yimaphi amanye amarekhodi angatholakali kuwebusayithi ye-SAMRC aavezwa ngokuzithandela futhi awatholakali ngokuzenzakalelayo. Ukuthola la marekhodi kuzodinga isicelo esiqondile njengoba kuchaziwe kule manuwali. Sicela uphawule ukuthi ukuthola amarekhodi athile kungase kwenqatshelwe.

## **6.5. Amarekhodi angatholakali ngokuzenzakalelayo**

6.5.1. Amarekhodi alandelayo awatholakali ngokuzenzakalelayo ngaphandle kokufaka isicelo ngokuvumelana ne-PAIA. Izicelo zala marekhodi zivumelana nengxenye 34(1) ye-PAIA, okuvumela isikhulu esihlinzeka ngemininingwane ukuba sisenqabe isicelo sokuthola amarekhodi e-SAMRC uma ukudalulwa kwayo kuzohilela ukudaluleka okungafanele kwemininingwane yomuntu mayelana nenkampani eseceleni, kuhlenganise abantu asebashona.

6.5.1.1. Ukuphathwa Kwezikhungo

- (a) Ukunakekelwa kwezakhiwo
- (b) Izivumelwano zokuqashisa
- (c) Amapulani okwakha

6.5.1.2. Izimali

- (a) Izinhlelo zokucwaningwa kwezincwadi kwangaphakathi
- (b) Isabelomali,
- (c) Ukulawulwa kwesikweletu,
- (d) Ukulawulwa kokweletayo,
- (e) Umshwalense,
- (f) Abaqashile

6.5.1.3. Umnyango Wezabasebenzi Nomholo

- (a) Imininingwane yomuntu
- (b) Umlando wokusebenza
- (c) Umholo
- (d) Iseluleko somholo
- (e) Amarekhodi empilo ezisebenzi
- (f) Amarekhodi ekhefu emsebenzini
- (g) Izinzuzo zezisebenzi nezikhuthazo
- (h) Imininingwane yokuqasha izisebenzi
- (i) Izinyathelo zokuqondisa izigwegwe
- (j) Amaphrofayili omsebenzi
- (k) Ukulawulwa komsebenzi
- (l) Ukuqeqeshwa nokuthuthukiswa kwamakhono
- (m) Uhlu lwezisebenzi
- (n) Noma yimiphi imininingwane etholwa noma eqoqwa uMnyango Wezabasebenzi We-SAMRC njengoba isikhathi siqhubeka

6.5.1.4. Ezobuchwepheshe

- (a) Ezokuphepha zenethiwekhi
- (b) Izinhlelo zolwazi
- (c) Amalaysensi ezinhlelo zekhompyutha
- (d) Impahla yobuchwepheshe
- (e) Imiyalezo yama-imeyili



- 6.5.1.5. Imininingwane evamile  
(a) Amaphuzu omhlangano
- 6.5.1.6. Ezomthetho  
(a) Iseluleko sezomthetho  
(b) Izinkontileka nezivumelwano
- 6.5.1.7. Ukulawulwa Kwamaphorobjekthi Nezezimali  
(a) Imininingwane yokuxhumana nabaxhasi nabantu abanikelayo
- 6.5.1.8. Amayunithi Acwaningayo  
(a) Iziphakamiso zokuxhasa  
(b) Izinqubo zokucwaninga  
(c) Imiphumela yocwaningo  
(d) Izingxoxo nabaxhasi, esibambisene nabo noma abanye abacwaningi  
(e) Imininingwane yababambiqhaza ocwaningweni, kuhlanganise neminingwane yabantu
- 6.5.1.9. Ukulawulwa Kokuthengwa Nokuthengiswa Kwempahla  
(a) Imininingwane yabahlinzeki  
(b) Izivumelwano nabahlinzeki  
(c) Ukuphathwa kwamakomiti okubhida

## **7. Izinqubo zokucela**

### **7.1. Uhlobo lwesicelo**

- 7.1.1. Njengoba kuveziwe engxenyeni 18(1) ye-PAIA, ocelayo kumelwe asebenzise iFomu A (Isithasiselo A) Leli fomu kumelwe ligcwaliswe ngokuphelele, kuhlanganise nokusayina, futhi kuchazwe ngokucacile i(ama)rekhodi acelwayo. Izicelo zamaFomu angagcwaliswanga ngokuphelele ngeke zihlolwe.
- 7.1.2. Isicelo sokuthola amarekhodi kumelwe sithunyelwe esikhulwini esihlinzeka ngemininingwane. Thumela isicelo esisefomini eligcwaliswe ngokuphelele kusekela we(be)zikhulu ezihlinzeka ngemininingwane, ngemininingwane yokuxhumana eboniswe engxenyeni A eFomini A.
- 7.1.3. Ngokuvumelana nengxenyeni 18(3)(a) ye-PAIA, umuntu ongakwazi ukwenza isicelo sokuthola irekhodi ngokuvumelana nengxenyeni 18(1) ye-PAIA ngenxa yokuthi akafundile noma ukhubazekile, angase enze isicelo ngomlomo kwisekela lesi(zi)khulu esihlinzeka ngemininingwane. Isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane liyobhala lesicelo eFomini A bese linikeza ocelayo ikhophi leFomu.

### **7.2. Isibopho sokusiza**

- 7.2.1. Ngokuvumelana nengxenyeni 19(1) ye-PAIA isekela lesi(zi)khulu esihlinzeka ngemininingwane liyonikeza usizo olufanele, mahhala, ngokwesidingo ukuze ocelayo akwazi ukwenza ngokuvumelana nengxenyeni 18(1) ye-PAIA.

### **7.3. Ukudluliswa kwezicelo**

- 7.3.1. Ngokuvumelana nengxenye 20 ye-PAIA, uma kwenzeka isicelo esithunyelwe e-SAMRC kube esamarekhodi angalondolozwa noma angekho ngaphansi kwe-SAMRC futhi isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane lazi ukuthi iyiphi inhlango yomphakathi egcina lawo marekhodi, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane okufakwa kuso isicelo, liyothumela isicelo esikhulwini esihlinzeka ngemininingwane saleyo nhlango yomphakathi zingakapheli izinsuku ezingu-14 ngemva kokuthola isicelo. Isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane liyotshela ofaka isicelo ngokudluliswa okunjalo kanye nezizathu zalokho.
- 7.3.2. Ngokuvumelana nesigaba esingenhla, uma kwenzeka isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane lingazi ukuthi iyiphi enye inhlango yomphakathi enalamarekhodi aceliwe, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane ngokudabukisayo ngeke likwazi ukudlulisa isicelo futhi liyotshela lowo ofaka isicelo.

### **7.4. Ukulondolozwa kwamarekhodi kuze kwenziwe isinqumo sokugcina ngamarekhodi**

- 7.4.1. Isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane okufakwe kuso isicelo liyothatha zonke izinyathelo ezifanele ukuze lilondoloze futhi lingacishi noma yiliphi irekhodi lesicelo kuze kube yilapho isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane lazise ofake isicelo ngesinqumo salo ngokuvumelana nengxenye 25 ye-PAIP kanye nenkathi angafaka ngayo isicelo enkantolo noma ukukhala ngokumelene nesinqumo saleyo nkantolo esiphelelwe yisikhathi, noma kuze kube yilapho isikhalo ngokumelene nesinqumo saleyo nkantolo noma ezinye izinqubo zomthetho ngokuphathelele nesicelo sezinqunyiwe, noma yikuphi okwenzeka kuqala.

### **7.5. Izindleko ezikhokhwayo**

- 7.5.1. Kunezinhlolo ezimbili zezindleko okudingeka zikhokhelwe ngokuvumelana ne-PAIA, okuyizindleko zesicelo nezindlela zokuthola.
- 7.5.2. Izindleko zezicelo nokungena ziyokhokhwa ofaka isicelo ebhange le-SAMRC, esebenzisa imininingwane yebhange enikezwe engxenyeni A yeFomu A (Isithasiselo A).
- 7.5.3. Ubufakazi bokukhokha kumelwe buthunyelwe kwisekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane okufakwe kulo isicelo sokuthola amarekhodi.
- 7.5.4. Izindleko zesicelo
- 7.5.4.1. Njengoba kusho ingxenye 22(1) ye-PAIA, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane liyotshela ofake isicelo ngesaziso, ukuthi kudingeka akhokhele imali ebekiwe (uma ikhona) ngaphambi kokusingathwa kwesicelo sakhe.
- 7.5.4.2. Ofaka isicelo ngokwakhe njengoba kuveziwe engxenyeni 11(2) ye-PAIA) akudingeki ukuba akhokhele izindleko zocelayo.
- 7.5.4.3. Izindleko zokucela okumelwe zikhokhelwe yiwo wonke umuntu ofaka isicelo ngu-R 35.00

#### 7.5.5. Imali yokufinyelela

- 7.5.5.1. Ngokuvumelana nengxenywe 22(6) kanye no 25(2)(a) ye-PAIA, lowo ofake isicelo wanikwa igunya lokuthola irekhodi elisenhlanganweni yomphakathi, kumelwe akhokhele izindleko zokufinyelela noma ukuthola lelo rekhodi.
- 7.5.5.2. Uma isicelo sigunyaziwe, izindleko zokufinyelela kumelwe zikhokhelwe ukufuna, ukulungisa, ukukhiqiza kabusha kanye nesikhathi esisetshenziwe sokufuna nokulungiselela amarekhodi adingekayo.
- 7.5.5.3. Isicelo umuntu azenzela sona akudingeki sikhokhele izindleko zokufinyelela. Wonke omunye ocelayo, ongaziceleli yena, kumelwe akhokhele izindleko zokucela.
- 7.5.5.4. Amashejuli ezindleko ezikhokhelwayo umuntu ofake isicelo njengoba kuchazwe engxenyeni 15(3) kanye no 22(7) ye-PAIA kanye nezindleko ezikhishwayo ngaphansi kwengxenywe 22(8) ye-PAIA, ziboniswe kuSijobelelo B sale manuwali.

#### 7.5.6. Iposi Nediphosithi

- 7.5.6.1. Inani leposi likhokhwa lapho ikhophi lerekhodi kumelwe lithunyelwe ngeposi kumuntu ofake isicelo. Leli nani kumelwe likhokhwe kusengaphambili ngaphambi kokuba ikhophi lerekhodi lithunyelwe.
- 7.5.6.2. Ngenxa yezinjongo zengxenywe 22(2) ye-PAIA, amahora ayisithupha ngamahora azokhishwa ngaphambi kokuba kukhokhwe idiphosithi, futhi ingxenywe yesithathu yemali yokufinyelela izokhokhwa njengediphosithi umuntu othumela isicelo.

#### 7.6. **Amarekhodi angatholakali noma angekho**

- 7.6.1. Uma ngemva kokuba zonke izinyathelo ezifanele zithathiwe, irekhodi lingatholakali noma lingekho e-SAMRC, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane siyotshela ofake isicelo ngokufanayo ngesiqinisekiso, ngemva kokuba zonke izinyathelo zokuthola noma ukwazi ukuthi irekhodi eliceliwe likhona yini.
- 7.6.2. Uma kwenzeka irekhodi litholwe ngemva kwesikhathi, ocelile uyonikwa indlela yokufinyelela ngaphandle uma enqatshelwe ngezizathu zokwenqaba ezichazwe eNgxenyeni 2, Isahluko 4, se-PAIA kanye/noma ingxenywe 7.12.1 yale manuwali.

#### 7.7. **Ukuhlehliswa kokufinyelela**

- 7.7.1. Uma imvume inikezwa futhi irekhodi elifunwayo linyatheliwe zingakapheli izinsuku ezingu-90 noma ngesinye isikhathi esifanele ngomva kokufakwa kwesicelo, noma kuphoqwa umthetho ukuba kunyatheliswa kodwa akukanyatheliswa, noma kusalungiselelwa ukuthunyelwa kubabambiqhaza abafanele kodwa akukathunyelwa, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane lingase lihlehlise ukuthola lelo rekhodi okwesikhathi esithile esifanele bese lichazela ofake isicelo ngokuhlehliswa okunjalo.
- 7.7.2. Ofake isicelo angase achaze kwisekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwaane zingakapheli izinsuku ezingu-30, ukuthi kungani irekhodi elinjalo kumelwe litholakale ngaphambi kokunyatheliswa nokuthunyelwa okunjalo okukhulunywa ngakho engxenyeni 7.7.1 yale manuwali. Isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane liyocabangela incazelo ethunyelwe futhi liyogunyaza ukufinyelela kuphela uma kunezizathu ezizwakalayo ezingeza kube ukubandlulula ukwenqaba ukunika ofake isicelo.

#### 7.8. **Isinqumo sesicelo owazisiwe ngaso, ukunwetshwa kwenkathi yokubhekana nesicelo kanye nokubhekwa njengokwenqatshwa kwesicelo**

- 7.8.1. Njengoba kubonisiwe engxenyeni 25(1) ye-PAIA, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane liyotshela abafaka isicelo zingakapheli izinsuku ezingu-30 ngemva kokuthola isicelo (isikhathi sokwazisa), isinqumo salo ukuthi liyayinika imvume yokuthola amarekhodi noma cha.
- 7.8.2. Uma isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane lihluleka ukukhipha isinqumo ngesikhathi esabelwe, kungase kubhekwe njengokuthi ukuthola amarekhodi kwenqatshiwe.
- 7.8.3. Isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane lingase lisebenzise ukunwetshwa ngezinsuku ezingu-30 okwenziwa kanye kwenkathi yesaziso ngemvume ebhaliwe evela kofake isicelo, njengoba kuveziwe engxenyeni 26(1) ye-PAIA.
- 7.8.4. Uma ofake isicelo enqatshelwa ukuthola amarekhodi, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane liyotshela ofake isicelo futhi lisho nezizathu zokwenqatshelwa, ngaphandle kokubhekisela kokuqukethwe yirekhodi, futhi ofake isicelo angase alandele izinqubo ezivezwe engxenyeni 8 yale manuwali.

### **7.9. Ukusebenza Kwemigomo Yomthetho**

- 7.9.1. Njengoba kuveziwe engxenyeni 28 ye-PAIA, kungase kube nezikhathi lapho ukuthola khona izingxenye ezithile zerekhodi eliceliwe kungase kudalulwe/kugunyazwe, futhi isicelo zezinye izingxenye zerekhodi senqatshe.
- 7.9.2. Uma ofake isicelo edinga ukuthola lonke irekhodi, kungase kudingeke alandele izinyathelo ezivezwe engxenyeni 8 yale manuwali.

### **7.10. Ukufinyelela, uhlobo kanye nolimi lokufinyelela**

- 7.10.1. Ofake isicelo ogunyaziwe esicelweni sakhe uyonikwa imvume yokuthola irekhodi, uma nje ekhokhela izindleko ezidingekayo, efomini elifanele njengoba ocelayo echazile esicelweni.
- 7.10.2. Ngeke kwenzeke ukuba unikezwe amarekhodi ngohlobo oluhlukile kulolo oluchazwe kule manuwali, njengoba izinhlobo ezihlukile zingase ziphazamise ukuphumelela kokuphatha kwe-SAMRC, noma kuphazamise ukulondolozwa kwerekhodi, noma kuphule umthetho wokukopisha ongewona owe-SAMRC.
- 7.10.3. Naphezu kwengxenye 7.10.2 yale manuwali, i-SAMRC iyothatha zonke izinyathelo ezifanele ukuze yenze amarekhodi atholakale kubantu abakhubazekile ngendlela abayokwazi ukuyifunda, bayibone noma bayizwe labo abakhubazekile.
- 7.10.4. Ukuthola amarekhodi aceliwe kuyogunyazwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo (kaningi ngesiNgesi), lilondolozwe uma litholakala ngolimi oluthandwa yilowo ofake isicelo.

### **7.11. Ukuthola ezempilo kanye namanye amarekhodi**

- 7.11.1. I-SAMRC igcine amarekhodi ezempilo ezisebenzi ezithile. Amarekhodi agcinwa emnyangweni Wezabasebenzi (HR), futhi ukucela la marekhodi kumelwe kuqondiswe kwisekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane.
- 7.11.2. Amarekhodi ezempilo ezisebenzi agcinwe yi-SAMRC awanakudalulwa kunoma ubani ofaka isicelo, ngaphandle uma kuyisicelo esenziwa umuntu ngokuqondile, ngaphandle uma siyalelwa inkantolo efanele.

- 7.11.3. Isicelo sokuthola amarekhodi ezempilo esenziwa umuntu ngokwakhe singase senqatshwe uma kubonakala ukuthi ukudalula kungase kulimaze umuntu ofaka isicelo. Ukuthola amarekhodi anjalo kuyogunyazwa kuphela ngemva kokuxoxisana nodokotela womuntu ofaka isicelo, nangemva kokuba esehlelelwe ukwelulekwa ngamaphambi nangemva kokudalulwa, lapho udokotela ekubona kufanele ukuvimba noma ukugwema ukulimala kumuntu ofaka isicelo.
- 7.11.4. Uma kwenzeka inkampani eseceleni icela ukuthola amarekhodi ezempilo anoma yisiphi isisebenzi se-SAMRC, kufanele benze lokho becelelwa umuntu ongumnikazi wemininingwane, okungukuthi, umuntu ofaka isicelo ngokwakhe uma egunyazwa, angathumela ngokuqondile amarekhodi enkampanini eseceleni.

## **7.12. Izizathu zokwenqaba noma zokuthola amarekhodi**

- 7.12.1. Isicelo sokuthola irekhodi siyokwenqatshwa uma:
- (a) Ukudalulwa kwalo kuzohilela ukudalulwa okungafanele kwemininingwane yomuntu emayelana nenkampani eseceleni, kuhlangukise eyomuntu oshonile. Ukwenqatshelwa ukuthola amarekhodi kungahleliswa kuphela uma umuntu othintekayo evuma ukunikeza ngamarekhodi anjalo, ngaphandle kwamarekhodi ezempilo, nangokuvumelana nomthetho;
  - (b) iqukethe izimfihlo zokuthengiselana, ezezimali, imininingwane yesanyensi yezohwebo nezobuchwepheshe zenkampani eseceleni;
  - (c) iqukethe imininingwane engakaqinisekiswa, yokusebenza noma esesigabeni sokubhalwa;
  - (d) imininingwane inikwa ngaphansi kokwethembana yinkampani eseceleni futhi ingalindela kufanele ukuba ukudalulwa kwayo kuyodala umonakalo noma kulimaze inkampani eseceleni;
  - (e) kungase kulindelwe kufanele ukuthi ingabeka impilo yomuntu engozini noma ukuphepha komuntu;
  - (f) ingase iphazamise ezokuphepha esikhungweni nezindlela zayo, izinhlelo noma izinqubo zokuvikela abantu noma izakhiwo;
  - (g) ukudalulwa kwayo kungasho ukuphulwa kwemigomo yesivumelwano senkontileka;
  - (h) ivikelwe ekudalulweni umthetho noma ilungelo elifana nalelo njengobumfihlo obuphakathi kukadokotela nesiguli kanye nokunye, ngaphandle uma umuntu onelungelo laleso sivumelwano esichitha isivumelwano noma ilungelo elinjalo;
  - (i) uma ukudalulwa kwemininingwane ngocwaningo olwenziwe noma oluzokwenziwa yinkampani eseceleni noma okuzokwenziwa egameni layo kungase kudalule inkampani eseceleni, abacwaningi noma abababiqhaza ocwaningweni ngendlela ebalimaza kakhulu
  - (j) iqukethe uvo, iseluleko, umbiko, ukutusa, noma izingxoxo, amaphuzu omhlangano, njll, ngenjongo yokusiza emisebenzini ye-SAMRC;
  - (k) uma ukudalulwa kwayo kungase kulindeleke ukuba kukhungathekise ukusebenza kahle kwezinto nezinqubo ze-SAMRC, ukubambisana nozakwabo;
  - (l) isicelo sivele ngokungenasidingo noma ngendlela yokubangela ukukhathazeka, noma
  - (m) umsebenzi ohilelekile ekusingatheni isicelo uyoba ukusebenzisa kabi noma ngendlela engafanele izinsiza ze-SAMRC.

- 7.12.2. Ofaka isicelo ngeke enqatshwelwe ukuthola irekhodi uma:
- kungelomuntu ocelayo, ligcinwe ngendlela evumelana nokuchazwe ngaphansi kwengxenye 7.11.3 yale manuwali;
  - lisendaweni yomphakathi;
  - liwela esigabeni seminingwane engase noma ezokwenziwa itholakale emphakathini;
  - selyatholakala kakade emphakathini;
  - limayelana nomuntu osewashona futhi oyicelayo yisihlobo sakhe;
  - limayelana nomuntu osewashona futhi oyicelayo umabi wefa, okufakazelwa ukuphatha kwakhe "izincwadi zomabi wefa" njengoba kuvele futhi kwachazwa engxenyeni 1 yoMthetho Wokulawula Kwefa, No 6 ka-1965;
  - limayelana nendawo yomuntu ngamunye noma imisebenzi e-SAMRC;
  - inkampani eseceleni iyakuvumela ukudalulwa kwalo;
  - liqukethe imininingwane yenkampani eseceleni noma emayelana nayo engase iveze ingozi enkulu yomphakathi noma yezemvelo;
  - ukudalulwa kwalo kungaveza ubufakazi bokwepfulwa komthetho noma ukwehluleka ukulandela umthetho; noma
  - ukukhathalela umphakathi ekudalulweni kwerekhodi kubaluleke ngaphezu komonakalo ongabangelwa ukudalulwa.

### **7.13. Ukuphapha nokumelelwa yinkampani eseceleni**

- 7.13.1. Zingakapheli izinsuku ezingu-21 ngemva kokuthola isicelo, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane siyotshela inkampani eseceleni mayelana nalokhu:
- ukucabangela isicelo sokuthola irekhodi njengoba kuvezwe engxenyeni 7.12.1 yale manuwali;
  - imininingwane yofake isicelo;
  - ukuthi isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane licabangela ukuthi ingxenye 7.12.2(j) yale manuwali ingase isebenze; kanye
  - nelungelo lenkampani eseceleni lokuthi zingakapheli izinsuku ezingu-21 ngemva kokuthola isaziso sesicelo, ibhale noma isho ngomlomo kwisekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane ukuthi kungani isicelo sokuthola irekhodi kufanele senqatshwe noma sigunyazwe ukuze kudalulwe irekhodi kulowo ocelile.
- 7.13.2. Uma inkampani eseceleni ingatshelwa njengoba kuveziwe engxenyeni 7.13.1 yale manuwali, bese inkampani eseceleni yazi ngesicelo sokuthola irekhodi, angaqhubeka nokunikeza incazelo okukhulunywa ngayo engxenyeni 7.13.1(d) yale manuwali.

### **7.14. Isinqumo sencazelo ngokwenqaba kanye nesaziso**

- 7.14.1. Zingakapheli izinsuku ezingu-30 ngemva kokuba inkampani eseceleni itsheliwe ngokuvumelana nengxenye 47 ye-PAIA, isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane liyonquma ukuthi linikeze yini imvume yokuthola, futhi liyokwazisa inkampani eseceleni ethumele incazelo, kuhlanganise naleyo engazange itshelwe kodwa eyithumele incazelo njengoba kuvezwe engxenyeni 48 ye-PAIA, mayelana nesinqumo sesekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane.
- Uma kungenzeki ukwazisa inkampani eseceleni, ngemva kokuba isekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane lithathe zonke izinyathelo ezifanele, isicelo sokuthola irekhodi singenqatshwa ngenxa yokuthi inkampani eseceleni ayibanga nalo ithuba

lokuthumela incazelo. Uma ofake isicelo esadinga ukuthola lonke irekhodi, angase alandele izinyathelo ezivezwe engxenyeni 8 yale manuwali.

## **8. Izinyathelo zokulungisa**

- 8.1.1. Ngokwengxenywe 74 ye-PAIA, ofaka isicelo angase afake isikhalo sangaphakathi ngokumelene nesinqumo (sesekela) sesikhulu esihlinzeka ngemininingwane senhlangano yomphakathi okukhulunywa ngakho esigabeni (a) sencazelo yelithi "inhlangano yomphakathi" engxenyeni 1, ukwenqaba isicelo sokuthola irekhodi noma esithathwe ngokuvumelana nezindleko zengxenywe 22, 26(1)-ukunwetsywa kwenkathi yokusingatha isicelo noma 29(3)-ukufinyelela kanye nezinhlobo zokufinyelela, ngokuphathelene nocelayo nesiphathimandla esifanele.
- 8.1.2. I-SAMRC yenza imisebenzi yomphakathi ngokuvumelana noMthetho We-SAMRC, No. 58 ka-1991, ngaleyo ndlela iwela ngaphansi kwencazelo yelithi "inhlangano yomphakathi" okukhulunywa ngayo engxenyeni 1, isigaba (b)(ii) se-PAIA. Nokho, izincazelo zeziphathimandla ezifanele ezinikezwe engxenyeni 1 ye-PAIA, azichazi ukuthi yisiphi isiphathimandla okufanele kube esezinhlangano zomphakathi okubhekiselwa kuzo ngaphansi kwengxenywe 1, isigaba (b)(ii) se-PAIA. Ngenxa yalokho, i-SAMRC ayikwazi ukuba nesiphathimandla esifanele ngokuvumelana ne-PAIA, lowo ofaka isicelo angathumela kuso isikhalazo sangaphakathi esiqondile, okushiya i-SAMRC ingenayo inqubo yokusingatha izikhalazo zangaphakathi ngokumelene nesinqumo sesekela lesikhulu ezihlinzeka ngemininingwane.
- 8.1.3. Lapho kungekho nqubo yangaphakathi yokufaka izikhalazo, isinqumo esenziwe yisekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane asinakuphikiswa, noma ubani ofaka isicelo noma inkampani eseceleni engaphathekanga kahle ngenxa yesinqumo sesekela lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane angase afune usizo angaluthola ngokuvumelana nezomthetho.

## **9. Ukubuyekezwa nokunyatheliswa kwale manuwali**

- 9.1. I-SAMRC njengoba isikhathi siqhubeka izobuyekeza le manuwali (lapho kudingeka khona)
- 9.2. Le manuwali izonyatheliswa ngezilimi ezintathu (3), okungukuthi, isiNgisi, isiZulu neSepedi, futhi amakhopi ayotholakala kuwebusayithi ye-SAMRC

## **10. Ukutholakala kwemanuwali**

- 10.1. Le manuwali izokwenziwa itholakale kwiKhomishini Yamalungelo Abantu ngokuvumelana nesigaba 4(1) semithetho emenyezwe ngokuvumelana ne-PAIA.
- 10.2. Ikhophi eprintiwe iyatholakala emahhovisi e-SAMRC avezwe engxenyeni 2 yale manuwali

### 10.3. ISITHASISELO A

#### IFOMU A

#### ISICELO SOKUTHOLA IREKHODI ENHLANGANWENI YOMPHAKATHI

(Ingxenye 18(1) yoMthetho Wokukhuthaza Ukutholakala Kolwazi, 2000 (UMthetho 2 ka-2000))

#### [Umthetho 6]

#### OKUSETSHENZISWA UMNAYANGO

Inombolo eyireferensi: \_\_\_\_\_

Isicelo samukelwe ngu  
(yisho isikhundla, igama nesibongo sesikhulu esihlinzeka ngemininingwane/isekela  
lesikhulu esihlinzeka ngemininingwane) ngomhla ka \_\_\_\_\_ (usuku) e  
(indawo).

Izindleko zokucela (uma zikhona): R .....

Idiphosithi (uma ikhona): R .....

Imali yokufinyelela: R .....

---

ISIGNESHA YESIKHULU ESIHLINZEKA  
NGEMINININGWANE/ISEKELA LESIKHULU  
ESIHLINZEKA NGEMINININGWANE



### A. Imininingwane yenhlangano yomphakathi

		Dkt Alfred Thutloa
Ikheli Leposi:	Isekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane Izinkonzo Zokulawula Ulwazi Nemininingwane Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika P.O Box 19070 Tygerberg 7505 Republic of South Africa	Isekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane Ezokuxhumana Kwezebhizini Nezokumaketha Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika P.O Box 19070 Tygerberg 7505 Republic of South Africa
Ikheli lomgwaqo: (Uma lizothunyelwa ngesandla.)	Isekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane Izinkonzo Zokulawula Ulwazi Nemininingwane Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika Francie van Zijl Drive Parowvallei, Cape Town 7505 Republic of South Africa	Isekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngemininingwane Ezokuxhumana Kwezebhizini Nezokumaketha Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika Francie van Zijl Drive Parowvallei, Cape Town 7505 Republic of South Africa
Inombol	+27 21 938 0200	
Ikheli le	alfred.thutloa@mrc.ac.za	
Amahora okusebenza:	08:30–16:30	
Imininingwane yasebhange Ukukhokha kungenziwa ngalezi zindlela: <input type="checkbox"/> Ukuthumela Ngokuqondile (EFT) <input type="checkbox"/> Ukudiphositha Ebhange	Igama le-akhawunti: Umkhandlu Wocwaningo Lwezokwelapha WaseNingizimu Afrika Igama le-akhawunti: 3-9000-0383 Igama lebhange: ABSA Igama legatsha : ABS PBLCS W/C Ikhodi lasebhange : 632005 Ikheli Lebhange : Retail and Busines Banking, Western Cape, Bridge Park West, Bridge Way, Century City 7441 I-Swift Code : ABSA ZA JJ	

**B. Imininingwane yomuntu ocela ukuthola irekhodi**

- (a) *Imininingwane yomuntu ocela ukuthola irekhodi kumelwe inikezwe ngezansi.*
- (b) *Ikheli kanye/noma nenombolo ye-fax yaseZweni imininingwane ethunyelwa kuyo, kumelwe inikezwe.*
- (c) *Ubufakazi besikhundla isicelo esenziwa ngaphansi kwaso, uma lokho kusebenza, kumelwe bufakwe.*

Amagama aphelele nesibongo:

---



---

Inombolo kamazisi: \_\_\_\_\_

Ikheli Leposi: \_\_\_\_\_

---



---



---

Inombolo ye-fax: \_\_\_\_\_

Inombolo yocingo: \_\_\_\_\_

Ikheli le imeyili: \_\_\_\_\_

Isikhundla isicelo esenziwa ngaphansi kwaso, uma senziwa egameni lomunye umuntu:

---



---



---

**C. Imininingwane yomuntu okwenziwa isicelo egameni lakhe**

*Le ngxenye kumelwe igcwaliswe KUPHELA uma isicelo semininingwane senziwa egameni lomunye umuntu.*

Amagama aphelele nesibongo:

---



---

Inombolo kamazisi: \_\_\_\_\_

#### D. Imininingwane yerekhodi

(a) Hlinzeka ngemininingwane egcwele yerekhodi elicelwayo, kuhlanganise nenombolo yereferensi uma lokho ukwazi, ukuze irekhodi litholakale.  
 (b) Uma isikhala singanele, sicela uqhubeke ekhasini elihlukile futhi ulinamathisele kuleli fomu. **Ofaka isicelo kumelwe asayine onke amakhasi engeziwe.**

1. Incazelo yerekhodi noma ingxenye efanele yerekhodi:

---



---



---

2. Inombolo yereferensi, uma ikhona:

---

3. Eminye imininingwane yerekhodi:

---



---



---

4. Umqondisi, Iyunithi noma Isigaba lapho irekhodi eligcinwe khona (uma ukwazi):

---



---

#### E. Izindleko

(a) Isicelo sokuthola irekhodi, ngaphandle kwerekhodi eliqukethe imininingwane yakho iyosingathwa ngemva kokuba ukhokhele **izindleko zesicelo**.

(b) Uyotshelwa inani okudingeka ulikhokhe eliyizindleko zesicelo.

(c) **Imali oyikhokhela ukuthola** irekhodi ixhomeke ohlotsheni odinga ukuthola ngalo irekhodi kanye nesikhathi esidingekayo sokufuna nokulungiselela irekhodi.

(d) Uma ufuna ukufanekeleka ukukhishwa ekukhokheleni izindleko, sicela uchaze isizathu sokufuna ukukhishwa.

Isizathu sokukhishwa ekukhokheleni izindleko:

---



---



---

## F. IFomu lokuthola irekhodi

*Uma ukukhubazeka kukwenza ungakwazi ukufunda, ukubukela noma ukulalela irekhodi ngohlobo onikezwe ngalo oluhlinzekwe ku-1 kuya ku-4 ngezansi, chaza ukukhubazeka kwakho futhi uveze ukuthi uyidinga ngaluphi uhlobo irekhodi.*

Ukukhubazeka: _____ _____ _____ _____	Uhlobo irekhodi elidingwa ngalo: _____ _____ _____ _____
---	---

*Maka ibhokisi elifanele ngophawu u X.*

**AMANOTHI:**

*(a) Ukuvumelana nesicelo sakho sokuthola irekhodi efomini eliqondile kungase kuncike ohlotsheni irekhodi elitholakala ngalo.*

*(b) Ukuthola uhlobo olucelile kungase kwenqatshwe ezimweni ezithile. Esimweni esinjalo uyotshelwa ukuthi ungalithola irekhodi ngolunye uhlobo.*

*(c) Imali ekhokhwayo yokuthola irekhodi, uma ikhona, iyonqunywa ngokuyingxenywe uhlobo ecelwe ukutholakala ngalo.*

### 1. Uma irekhodi libhaliwe noma liprintiwe:

<input type="checkbox"/>	ikhophi lerekhodi*	<input type="checkbox"/>	ukuhlolwa kwerekhodi
--------------------------	--------------------	--------------------------	----------------------

### 2. Uma irekhodi liqukethe izithombe -

(lokhu kuhlanganisa izithombe, amaslayidi, amavidiyo aqoshiwe, izithombe ezenziwe ngekhompyutha, imidwebo, njll.):

<input type="checkbox"/>	bheka izithombe	<input type="checkbox"/>	ikhophi lezithombe*	<input type="checkbox"/>	ukulotshwa kwezithombe*
--------------------------	-----------------	--------------------------	---------------------	--------------------------	-------------------------

### 3. Uma irekhodi liqukethe amagama aqoshiwe noma imininingwane engenziwa kabusha iwumsindo:

	lalela umsindo (ikhasethi lomculo)		ukulotshwa komsindo* (idokhumenti elibhaliwe neliprintiwe)
<b>4. Uma irekhodi ligcinwe kwikhompyutha noma emshinini wezobuchwepheshe noma umshini wokufuna:</b>			
	ikhophi lerekhodi eliprintiwe*		ikhophi eliprintiwe lemininingwane ethathwe kwirekhodi*  ikhophi kwikhompyutha ngohlelo olufundwayo* (i-stiffy noma i-compact disc)
*Uma ucele ikhophi noma ukulotshwa komsindo (ngenhla), ingabe ufisa ukuba ikhophi noma okulotshiwe kuthunyelwe kuwe ngeposi?			YEB O
<b>Iposi liyakhokhelwa.</b>			CHA
<i>Phawula ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi oluthandayo, ungase unikwe imvume yokuthola irekhodi ngolimi olutholakayo.</i>			
Ungathanda ukuthola irekhodi ngaluphi ulimi? _____			

#### G. Isaziso sesinqumo ngokuphathelele nesicelo sokuthola irekhodi

*Uzotshelwa ngencwadi ukuthi isicelo sakho sigunyaziwe noma senqatshiwe. Uma ufisa ukutshelwa ngenye indlela, sicela uchaze leyo ndlela futhi usinikeze imininingwaane edingekayo ukuze senze ngokuvumelana nesicelo sakho.*

Ungathanda ukuba utshelwe ngayiphi indlela isinqumo ngokuphathelele nesinqumo sokuthola irekhodi? \_\_\_\_\_

Isayinwe e \_\_\_\_\_ ngalolu \_\_\_\_\_ suku lwe  
20 \_\_\_\_\_

---

ISIGNESHA YOFAKE ISICELO/UMUNTU OKWENZIWE ISICELO  
EGAMENI LAKHE

## ISITHASISELO B

1. Izindleko zokukhiqiza kabusha, okukhulunywa ngazo engxenyeni 15(3) ye-PAIA, zimi ngale ndlela:

	<b>Incazelo</b>	<b>IRandi (R)</b>
(i)	Kuyo yonke ikhophi yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo	0.60
(ii)	Ikhophi ngalinye iliprintwayo eliyikhasi elingu-A4 noma ingxenye yako egciwe ekhomyutheni noma emishinini ngohlobo olufundekayo	0.40
(iii)	Ikhophi ngohlobo olufundekayo olusekhomyutheni noma i-stiffy disc	5.00
(iv)	Ikhophi ngohlobo olufundekayo lwekhomyutha kuyi-compact disc	40.00
(v)	Izithombe eziyil-photocopy ngayinye eyikhasi elingu-A4 noma ingxenye yako	22.00
(vi)	Ikhophi yezithombe	60.00
(vii)	Okulotshiwe komsindo oqoshiwe, okwekhasi elingu-A4 noma ingxenye yako	12.00
(viii)	Ikhophi yomsindo oqoshiwe	17.00

2. Izindleko zokukhiqiza kabusha, okukhulunywa ngazo engxenyeni 22(7) ye-PAIA, zimi ngale ndlela:

	<b>Incazelo</b>	<b>IRandi (R)</b>
(i)	Kuyo yonke ikhophi yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo	0.60
(ii)	Ikhophi ngalinye iliprintwayo eliyikhasi elingu-A4 noma ingxenye yako egciwe ekhomyutheni noma emishinini ngohlobo olufundekayo	0.40
(iii)	Ikhophi ngohlobo olufundekayo olusekhomyutheni noma i-stiffy disc	5.00
(iv)	Ikhophi ngohlobo olufundekayo lwekhomyutha kuyi-compact disc	40.00
(v)	Izithombe eziyil-photocopy ngayinye eyikhasi elingu-A4 noma ingxenye yako	22.00
(vi)	Ikhophi yezithombe	60.00
(vii)	Okulotshiwe komsindo oqoshiwe, okwekhasi elingu-A4 noma ingxenye yako	12.00
(viii)	Ikhophi yomsindo oqoshiwe	17.00
(ix)	Ukufuna irekhodi ukuze lidalulwe, ihora ngalinye noma ingxenye yehora, ngaphandle kwehora lokuqala, okudingekayo ngenxa yokufuna okunjalo	15.00

3. Isigaba esilandelayo sabantu bakhishiwe ekukhokheni noma yiziphi izindleko njengoba kuveziwe engxenyeni 22(8) ye-PAIA, imi kanje:

	<b>Isigaba</b>	<b>Izindleko okhishiwe kuzo</b>
(i)	Ofaka isicelo sakhe (umuntu ocela amarekhodi amayelana naye).	Isicelo kanye Nokuthola
(ii)	Umuntu oshadile/onomuntu athandana nabo onomholo wonyaka ongadluli ku-R14,712.00 ngemva kokudonswa	Ukuthola
(iii)	Umuntu ongashadile onomholo wonyaka ongadluli ku-R27,192.00 ngemva kokudonswa	Ukuthola
(iv)	Lapho izindleko zokuqoqa noma yiziphi izindleko zidlula imali okumelwe ikhokhwe.	Isicelo kanye Nokuthola

(v)	Irekhodi elicelwe yisikhulu sezesondlo noma umphenyi wezesondlo ngezinjongo zocwaningo lwezesondlo noma uphenyo ngokuvumelana nalokho okuhlinzekwa uMthetho Wesondlo, 1998 (UMthetho No.99 ka-1998) noma imithetho eyenziwe ngaphansi kwengxenye 44 kulowo Mthetho	Isicelo kanye Nokuthola
-----	--	----------------------------